## IMEMORANDAMU YEZINDABA

| AMAKHODI | | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | **Uphumelele ngamalengiso** | **Uphumelele ngeqophelo eliphezulu** | **Uphumelele ngokuvelele** | **Uphumelele ngezinga eligculisayo** | **Uphumelele ngokusendimeni** | **Uphumelele ngokunganelisi kahle hle** | **Akaphumelelanga** |
| **ISIQEPHU A**<br><br>**AMAMAKI (50)** | **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (15)** | **12–15 (80–100%)** | **10½–11½ (70–79%)** | **9–10 (60–69%)** | **7½–8½ (50–59%)** | **6–7 (40–49%)** | **4½–5½ (30–39%)** | **0–4 (0–29%)** |
| | | **ULIMI:**<br>1* Ulimi lunothile kakhulu, nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle kakhulu.<br>2* Indaba ayinamaphutha nhlobonhlobo. (07)<br>3* Amagama ajiyile futhi anemba kahle kakhulu. (05)<br>4* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuphumelela okukhulu. (03) | **ULIMI:**<br>1* Ulimi lunothile impela nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle impela.<br>2* Indaba ayinamaphutha agqamile. (06)<br>3* Amagama akhetheke kahle impela. (04)<br>4* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuseqophelweni. (02) | **ULIMI:**<br>1* Ulimi lusebenze kahle.<br>2* Indaba ayinamaphutha amaningi. (05)<br>3* Amagama asetshenziswe kahle. (03)<br>4* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe kahle. (02) | **ULIMI:**<br>1* Ulimi nezimpawu zokuloba kusetshenziswe ngokugculisayo.<br>2* Indaba inamaphutha amaningana. (04)<br>3* Amagama asetshenziswe ngokugculisayo. (03)<br>4* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokugculisayo. (02) | **ULIMI:**<br>1* Ulimi nezimpawu zokuloba kusetshenziswe ngokusendimeni.<br>2* Indaba inamaphutha agqamile. (03)<br>3* Amagama asetshenziswe ngokulingene nje. (02)<br>4* Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. (01)<br>. | **ULIMI:**<br>1* Ulimi seluqala ukunganelisi kahle.<br>2* Indaba inamaphutha kakhulu. (03)<br>3* Amagama asetshenziswe ngokunganeliseki kahle. (02)<br>4* Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani kahle. (01)<br>.<br>. | **ULIMI:**<br>1* Ulimi luphansi kunamaphutha amaningi kakhulu.<br>2* Indaba inamaphutha amaningi kakhulu. (02)<br>3* Amagama awahambelani ayanhlanhlatha. (01)<br>4* Isitayela, iphimbo nerejista kugcwele amaphutha kakhulu. (01) |

**<u>IFOMULA: ISIBONELO</u>: (Ulimi) IKHODI 6 = 79% DIVIDED BY 100 x 7 = 06**

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**
**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (15)**

| | | | |
|---|---|---|---|
| Ulimi | (L) *Bullets* | 1&2 | **7** |
| Ukuhlela (amagama) | (G) *Bullets* | 3 | **5** |
| Isitayela | (ST) *Bullets* | 4 | **3** |
| - | | | **15** |

| | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | Uphumelele ngamalengiso | Uphumelele ngeqophelo eliphezulu | Uphumelele ngokuvelele | Uphumelele ngezinga eligculisayo | Uphumelele ngokusendimeni | Uphumelele ngokunganelisi kahle hle | Akaphumelelanga |
| | 24–30 (80–100%) | 21–23½ (70–79%) | 18–20½ (60–69%) | 15–17½ (50–59%) | 12–14½ (40–49%) | 9–11½ (30–39%) | 0– 8½ (0–29%) |
| OKUQUKETHWE nohlaka(30) | [1]* Okuqukethwe kutshengisa ukuzisungulela okusezingeni elihle kakhulu. (12)<br>[2]* Imiqondo inikezelana kahle kakhulu. (07)<br>[3]* Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle kakhulu. (06)<br>[4]* Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle kakhulu nendaba. (05) | * Kunokuziqambela okuhle impela. (09)<br>* Imiqondo inikezelana kahle impela. (06)<br>* Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle impela. (05)<br>* Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle impela nendaba. (04) | * Kuseqophelweni elihle. (08)<br>* Imiqondo inikezelana kahle. (05)<br>* Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle. (04)<br>* Uhlaka luhambisana kahle nendaba. (03) | * Kuseqophelweni eligculisayo. (07)<br>* Imiqondo inikezelana. ngokugculisayo. (04)<br>* Indaba ithuthuka ngokugculisayo. (04)<br>* Uhlaka lucace ngokugculisayo. (03) | * Kuvezwe ngo–kusendimeni. (06)<br>* Ivezwe ngokusendabeni. (03)<br>* Kunamaphuzu avezwe ngokulinganayo. (03)<br>* Uhlaka lusendimeni. (02) | * Akucacile kahle. (05)<br>* Imiqondo ayisanikezelani kahle. (03)<br>* Kuvezwe amaphuzu ayingcosana. (02)<br>* Uhlaka alucacile kahle futhi alulandeleki kahle. (02) | * Okuqukethwe akuhambelani neze nesihloko. (03)<br>* Imiqondo ayihambelani nesihloko. (02)<br>* Indaba ayihambisani nesihloko neze. (02)<br>* Uhlaka alubekekile neze kahle/alukho. (01) |
| | 4–5 | 3½ | 3 | 2½ | 2 | 1½ | 0–1 |
| ISAKHIWO (5) | [1]* Ubude bufanelekile kahle kakhulu. (01)<br>[2]* Isakhiwo usilandele ngokuncomekayo kakhulu.(02)<br>[3]* Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu. (02) | * Ubude bufaneleke impela. (01)<br>* Isakhiwo usilandele ngokuncomekayo impela. (02)<br>* Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana impela. (02) | * Ubude busezingeni elihle. (01)<br>* Isakhiwo sihle. (01)<br>* Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle. (01) | * Ubude busezingeni eligculisayo. (01)<br>* Isakhiwo siyagculisa. (01)<br>*Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa. (01) | * Ubude busendimeni. (01)<br>* Isakhiwo silandelwe ngokusendimeni. (01)<br>* Imisho nezigaba zendaba kusendimeni. (01) | * Ubude nendaba abunelisi kahle. (00)<br>* Isakhiwo asenelisi kahle. (01)<br>* Imisho nezigaba zendaba akuhambisani kahle. (01) | * Indaba imfushane kakhulu/inde kakhulu. (00)<br>* Isakhiwo asisihle neze. (01)<br>* Imisho nezigaba zendaba kunamaphutha amaningi kakhulu. (00) |

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**
**OKUQUKETHWE (30)**

| | | | |
|---|---|---|---|
| Okuqukethwe | (Q) | *Bullet* 1 | **12** |
| Imiqondo | (Im) | *Bullet* 2 | **07** |
| Ukuthuthuka | (Th) | *Bullet* 3 | **06** |
| Uhlaka | (Hl) | Bullet 4 | **05** |
| | | | **[30]** |

**ISAKHIWO (05)**

| | | | |
|---|---|---|---|
| Ubude | (U) | *Bullet 1* | **01** |
| Isakhiwo | (SK) | *Bullet 2* | **02** |
| Imisho nezigaba | (MG) | *Bullet* | **02** |
| | | | **[05]** |

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**
SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engemukelekile.
'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi umqondo.
ISIV. – isivumelwano esingavumelani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
/ –ukwehlukanisa amagama
( ) – ukuhlanganisa amagama

**AMAKHODI AMAMAKI**

L = 15
Q = 30
SK = 05
**50**

## ISIQEPHU A: INDABA

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle/umusho owesekelayo.
  (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

1.1 Ohlolwayo makabhale imibono eyiqiniso akhombise ukuvumelana noma ukuphikisana ngesihloko.Ukuvumelana- Makakhombise ukuthi ungumuntu oqaphelayo ngezinguquko ezenziwe uHulumeni mayelana namathuba emisebenzi kuleli ikakhulukazi kubantu besifazane. Ukuphikisana- Makakhombise ukuthi ungumuntu oqaphelayo ngesimo semisebenzi kubantu besifazane nokungabhekelelwa kwabo. Makaphinde anikeze izizathu zalokho akushoyo. Makabonakale ethatha isayidi/icala.(Ngiyavuma noma Ngiyaphika)

1.2 Makakhombise ukuthi unolwazi ngesimo sezomnotho eNingizimu Afrika. Makaphawule ngezimbangela zokwehla komnotho aphinde anikeze nezixazululo namasu angasetshenziswa ukulungisa lesi simo (Izimbangela-izifikanamthwalo, ubugebengu obunhlobonhlobo, ukushushumbiswa kwezidakamizwa. Izixazululo-ukufundiswa kwabantu ukonga imali, ukwanda kwamathuba emisebenzi, ukulwa nobugebengu, izindlela zokunqanda ukuthululeka kwezifikanamthwalo).

1.3 Makakhombise ukuthi uyabuqonda ubungani. Indaba mayikhombise izinhlangothi ezimbili. Anganikeza izibonelo lapho kudingeka khona.

1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi yiliphi izinga lemfundo agogode kulo, igalelo lakhe eligqamile, uhlonishwa kanjani ezweni lonke noma emazweni omhlaba.Makakhombise ukuthi uyalandisa.

1.5 Makakhombise ukuthi umama ubaluleke kanjani empilweni yengane. Makugqame usizi nezinhlupheko abhekene nazo njengoba engasekho umama wakhe.

1.6 Makakhombise ukuthi uyazazi izinhlobo zezidakamizwa, zitholakalaphi, izindlela ezisetshenziswa ngazo.Makakhombise imiphumela emibi yokusetshenziswa kwalezi zidakamizwa aphinde akhombise nezindlela zokuvikela intsha kulezi zidakamizwa.

1.7 Makayinike isihloko indaba yakhe. Makakhombise ulwazi lwezindlela zokunakelela impilo kanye nokubaluleka kwabahlengikazi kanye nodokotela ekuhlengeni iziguli emtholampilo. Anganika izibonelo lapho kudingeka khona.

1.8 Iqhaza elibanjwe uHulumeni ekuthuthukiseni ezokuthutha. Ulwazi lwezinhlobo zokuthutha (ukulungisa imigwaqo, ukwakha eminye imigwaqo, amaphoyisa aqapha ezokuthutha, ukwenza ibhizinisi lamatekisi lihlonipheke).

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**IMEMORANDAMU INCWADI YOKUZICHAZA (C.V.)/YENCWADI YOBUNGANE/UMBIKO/IBHROSHA**

| AMAKHODI | | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | **Uphumelele ngamalengiso** | **Uphumelele ngeqophelo eliphezulu** | **Uphumelele ngokuvelele** | **Uphumelele ngezinga eligculisayo** | **Uphumelele ngokusendimeni** | **Uphumelele ngokunganelisi kahle hle** | **Akaphumelelanga** |
| **ISIQEPHU B**<br><br>**AMAMAKI (30)** | **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)** | **10–12 (80–100%)** | **8½ – 9 70–79%)** | **7– 8 (62–69%)** | **6–7 (52–59%)** | **5–5 (40–49%)** | **4–4 (30–39%)** | **0–3 (0–29%)** |
| | | [1]* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu kakhulu. (07)<br>[2]* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle kakhulu. (03)<br>[3]* Ubude bombhalo buwulandele kahle kakhulu umgomo mlayelo. (02) | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu impela. (06)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle impela. (02)<br>* Ubude bombhalo buhle impela. (01) | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba. (05) kusezingeni elihle.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista. (02) kusezingeni elihle.<br>* Ubude bombhalo buhle. (01) | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kuyagculisa. (04)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eligculisayo. (02)<br>* Ubude bombhalo buyagculisa. (01) | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusendimeni. (03)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. (01)<br>* Ubude bombhalo busendimeni. (01) | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba akwenelisi kahle. (03)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista akwenelisi kahle. (01)<br>* Ubude bombhalo abenelisi kahle/Inde/Imfisha. (01) | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphansi kakhulu. (02)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eliphansi kakhulu. (01)<br>* Ubude bombhalo bubi kakhulu/Inde kakhulu/Imfisha kakhulu. (01) |
| | | **14–18 (80–100%)** | **13–14 (70–79%)** | **11–12 (62–69%)** | **9–10 (52–59%)** | **7–8 (40–49%)** | **6–7 (30–39%)** | **0–5 (0–29%)** |
| | **OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (18)** | [1]* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eliphezulu kakhulu.<br>[2]* Unamathela kahle kakhulu kulokho abuzwe ngakho. (07)<br>[3]* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni elihle kakhulu. (03)<br>[4]* Uhlaka lombhalo luhle kakhulu. (05)<br>[5]* Ithekisthi lilandele kahle kakhulu isakhiwo. (03) | * Ulwazi oluqukethwe luseqophelweni eliphezulu.<br>* Unamathela ngokuseqophelweni eliphezulu kwabuzwe ngakho.(06)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu. (02)<br>* Uhlaka lombhalo luseqophelweni eliphezulu. (04)<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esifanele impela. (03) | * Ulwazi oluqukethwe lusezingeni elihle.<br>* Unamathela kahle kulokho abuzwe ngakho. (05)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana kahle. (02)<br>* Uhlaka lombhalo luhle. (03)<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esifanele kahle. (03) | * Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eligculisayo.<br>* Unamathela ngokugculisayo kulokho abuzwe ngakho. (04)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo. (02)<br>* Uhlaka lombhalo luyagculisa. (03)<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esigculisayo. (03) | * Ulwazi oluqukethwe lusendimeni.<br>* Unamathela ngokusendimeni kulokho abuzwe ngakho. (03)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni. (01)<br>* Uhlaka lombhalo lusendimeni. (02)<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esisendimeni. (02) | * Ulwazi oluqukethwe alunelisi kahle.<br>* Akanamatheli kahle kulokho abuzwe ngakho. (02)<br>* Imibono ayibhaliwe kahle. (01)<br>* Uhlaka lombhalo aluluhle kahle. (02)<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esinganelisi kahle. (02) | * Ulwazi oluqukethwe aluluhle neze.<br>* Akanamatheli kahle neze kulokho abuzwe ngakho. (01)<br>* Imibono ayibhaliwe kahle neze. (01)<br>* Uhlaka lombhalo aluluhle neze. (01)<br>* Ithekisthi linesakhiwo esingesihle neze. (01) |

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

| **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)** | | | **OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (18)** | | |
|---|---|---|---|---|---|
| Ulimi | (L) Bullets 1 | **7** | Okuqukethwe | (Q) *Bullets* 1&2 | **7** |
| Isitayela | (ST) Bullet 2 | **3** | Imibono | (B) *Bullets* 3 | **3** |
| Ubude | (U) Bullets 3 | **2** | Uhlaka | (Hl) *Bullets* 4 | **5** |
| | | **[12]** | Isakhiwo | (Sk) *Bullet* 5 | **3** |
| | | | | | **[18]** |

**OKULINDELEKILE**

2.1 **INCWADI YOMSEBENZI**

- Amakheli amabili- ikheli lobhalayo nekheli lobhalelwayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. (12 kuLwezi 2011, 12 kuNovemba 2011, 12 Novemba 2011, 12/11/2011, 12-11-2011, 12.11.2011)
- Ikheli lesibili liqalisa ngokwethula isikhundla salowo obhalelwayo. Isib. iMenenja.
- Isihloko ozobhala ngaso. Isib. Incwadi Yokucela isikhala somsebenzi wokuqeqesha abasebenzi kwezekhompiyutha.
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Isib. Mnumzane / Nkosikazi / Nkosazana
- Cela umsebenzi ungathemelezi.
- Valelisa ukhombise ukuzithoba. Isib. Yimina ozithobayo
  uBheki R. Shezi

2.2 **UMLANDO KAMUFI**

- Isihloko esigqamile esinamagama akhe aphelele( Umlando kaMazeze Luthuli ongasekho emhlabeni.)
- Usuku azalwa ngalo, uzalwa ngobani , wazalelwa kuphi.
- Izikhungo zemfundo adlula kuzona ngokwamazinga azo.
- Iqhaza abelibambile emphakathini.
- Imbangela yokushona kwakhe( engozini yemoto)
- Abantu abayigazi lakhe abashiye emhlabeni(unkosikazi nezingane)
- Ukuvalelisa( Lala uphumule Madlanduna)

2.3 **UMBIKO (Mawubhalwe ngomuntu wesithathu-Okukhulunywa ngaye.)**

- Isihloko esigqamile sombiko ozokwethulwa.
- Ubhalwa ngenkathi edlule
- Umbiko mawuphathelane nesihloko.
- Mawuhleleke kahle (indawo, usuku, isikhathi, umayelana nani ukugagulwa kwamagama ababeklonyeliswa,umcimbi wahamba kanjani)
- Uyasayinwa,ubenosuku obhalwe ngalo: Ubhalwe ngu T.P Chamane
  02 kuMasingana 2011
  (Umhleli Wephephabuku Lesikole)

**2.4 IBHROSHA**

Ku-Bhrosha kulindeleke lokhu:

- Igama lesikole sokufunda ukushayela nendawo.
- Amakhodi afundelwayo (8,10 no-14).
- Imali ekhokhwayo ngokufundela ukushayela
- Kuthatha isikhathi esingakanani ukuphothula izifundo.
- Sebenzisa ulimi oluhehayo kanye nefonti egqamile lapho kudingeka khona.
- Khombisa ukuthi abasuka kude bangafinyelela kanjani futhi bahlale kuphi ngenkathi besafundela ukushayela.
- Ibhalwa ibe sabhukwana.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## IMEMORANDAMU YEDAYARI/IPHOSTA/UMYALELO

| AMAKHODI | | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | **Uphumelele ngamalengiso** | **Uphumelele ngeqophelo eliphezulu** | **Uphumelele ngokuvelele** | **Uphumelele ngezinga eligculisayo** | **Uphumelele ngokusendimeni** | **Uphumelele ngokunganelisi kahle hle** | **Akaphumelelanga** |
| **ISIQEPHU C**<br><br>**AMAMAKI (20)** | **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (8)** | **6–8 (80–100%)** | **6 (70–79%)** | **5 (62–69%)** | **4 (52–59%)** | **3 (40–49%)** | **2–3 (30–39%)** | **0–2 (0–29%)** |
| | | [1]* Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu kakhulu. (04)<br>[2]* Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle kakhulu. (02)<br>[3]* Ubude bufanelekile kahle kakhulu. (02) | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu impela. (03)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle impela. (02)<br>* Ubude bufanelekile impela. (02) | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni elihle. (03)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle. (03)<br>* Ubude bufanelekile kahle. (01) | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kuyagculisa. (02)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kuyagculisa. (01)<br>* Ubude buyagculisa. (01) | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusendimeni. (02)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. (01)<br>* Ubude busendimeni. (01) | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi akunelisi kahle.(02)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani kahle. (01)<br>* Ubude abufanelekile kahle. (01) | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi akukuhle neze. (01)<br>* Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani neze. (01)<br>* Ubude abufanelekile neze. (01) |
| | | **10–12 (80–100%)** | **8½–9½ (70–79%)** | **7½–8 (62–69%)** | **6–7 (52–59%)** | **5–5½ (40–49%)** | **4–4½ (30–39%)** | **0–3½ (0–29%)** |
| | **OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (12)** | [1]* Ulwazi oluhle kakhulu ngohlobo lombhalo.<br>[2]* Ubhala kahle kakhulu ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. (06)<br>[3]* Imibono ibhalwe yamukelana kahle kakhulu. (03)<br>[4]* Uhlaka lombhalo luhle kakhulu.<br>[5]* Ithekisthi inesakhiwo esihle kakhulu. (03) | * Ulwazi oluhle impela ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala kahle impela. ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. (05)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana kahle impela. (02)<br>* Uhlaka lombhalo luhle impela.<br>* Ithekisthi inesakhiwo esihle impela. (02) | * Ulwazi oluhle ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala kahle ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. (04)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana kahle.<br>* Uhlaka lombhalo luhle . (02)<br>* Ithekisthi inesakhiwo esihle. (02) | * Ulwazi olugculisayo ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala ngokugculisayo. ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. (04)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo.<br>* Uhlaka lombhalo luyagculisa. (02)<br>* Ithekisthi inesakhiwo esigculisayo. (02) | * Ulwazi olusendimeni ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala ngokusendimeni ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. (03)<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni.<br>* Uhlaka lombhalo lusendimeni. (01)<br>* Ithekisthi nesakhiwo kusendimeni. (01) | * Ulwazi olunganelisi ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala ngokunganelisi ngalokho akubuziwe. (02)<br>* Imibono ibhalwe ngokunganelisi.<br>* Uhlaka lombhalo alwenelisi. (01)<br>* Ithekisthi inesakhiwo esinganelisi kahle. (01) | * Ulwazi aluluhle neze.<br>* Akanamatheli kahle neze kulokho abuzwe ngakho. (02)<br>* Imibono ayibhaliwe kahle neze.<br>* Uhlaka lombhalo aluluhle neze. (01)<br>* Ithekisthi inesakhiwo esingesihle neze. (01) |

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

| **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (8)** | | | **OKUQUKETHWE, IMIBONO NESAKHIWO (12)** | |
|---|---|---|---|---|
| Ulimi | (L) Bullets 1 | 4 | Okuqukethwe (Q) *Bullets* 1&2 | **6** |
| Isitayela nokuhlela | (StHl) Bullets 2 | **2** | Imibono (B) *Bullets* 3 | **3** |
| Ubude | (U) Bullets 3 | **2** | Isakhiwo nohlaka (SkHl) Bullet 1&4 | **3** |
| | | **[8]** | | **[12]** |

**OKULINDELEKILE:**

3.1 **IDAYARI**

Naku okubalulekile ngedayari:

- Usuku phezulu(uMsombuluko 31Novemba 2011)
- Mayibhalwe ngumuntu wokuqala (okhulumayo).
- Mayibe senkathini edlule
- Mayibhalwe izigaba ezimfishane.
- Mayibhalwe ikhombise izinsuku ezinhlanu
- Ohlolwayo makachaze izinselelo ahlangabezane nazo kanye nezixazululo zazo.

3.2 **IPHOSTA**

- Ifakwa ebhokisini.
- Mayibhalwe ngefonti egqamile.
- Mayikhombise umlayezo onembayo, indawo lapho imbizo izobanjelwa khona, usuku kanye nesikhathi.

3.3 **UMYALELO**

- Isihloko sombhalo.
- Imiyalelo mayibhalwe ngamaphuzu ihambisane nezizathu.
- Mayibe senkathini ezofika.

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**